# IHhovisi Elilawula Impahla Emngceleni lakwaSARS ne-SAPS bashaqe ikhokheyni engama-378kg

**Tshwane, 24 kuNhlolanja 2023** – Izisebenzi zeHhovisi Elilawula Impahla Emngceleni (SARS) kanye noMnyango wamaPhoyisa eNingizimu Afrika ekuseni namuhla bagasele emkhunjini oyisiqukathi echwebeni laseDurban bathola isdakamizwa sekhokheyni engama-378kg kwesinye seziqukathi ebezikulowo mkhumbi.

I-cocaine ecwebile, okucatshangelwa ukuthi inenani lika-R1.3billion, ihlonzwe emva kwesonto kukhukhulela ngoqo wezobunhloli obuholwa yi-SARS *National Targeting Unit*. Uphiko lwasemanzini i-SARS Marine unit, i-Durban Operations, uMnyango wamaPhoyisa waseNingizimu Afrika (SAPS) Crime Intelligence kanye ne-National Detective Services bangene emkhunjini obusuka e-South America ukuzovalela iziqukathi ezimbalwa ebezihlonzwe nguSARS.

Iziqukathi zihlolwe emva kokuba zithululiwe echwebeni laseDurban. Kulokhu kuhlola kutholakale imikhiqizo kathayela wenzimbi kanye nezikhwama ezimbalwa ezimnyama eziqukethe izitini zekhokheyni ecwebile ezingama-378.

Impahla engemthetho nokunye okubonakale sengathi izinsizamaelula zokuthola umkhondo kunikezelwe ku-SAPS ukuze kuqhutshekwe nophenyo.

UKhomishana wakwaSARS u-Edward Kieswetter ubonge umsebenzi ohlelwe kahle wama-ejensi okuphoqelelwa komthetho abe yingxenye yalo msebenzi.

“Ngokisebenzisana ndawonye, uhulumeni uphinde wakhombisa ukuthi uzimisele ngokulwa nesihlava sezidakamizwa ezingena ezweni zishabalalise izimpilo zalabo abazisebenzisayo, ikakhulukazi laba abasebasha.

“USARS ngeke uzibekezelele lezi zenzo ezingemthetho kodwa uzoqhubeka nokufezekisa umyalelo wawo wokuxhumanisa uhwebo olusemthethweni ukuthuthukisa izwe lethu,” kusho uMnu Kieswetter.

Ngolwazi olwengeziwe, sicela uxhumane ne Sarsmedia@sars.gov.za